# Umshado wezinkawu



**Simphiwe Mahlangu**

Isisho *"umshado wezinkawu"* kushiwo uma imvula ina ngenkathi ilanga libalele.

UNzalo noBhuti baya ekhaya bevela esikoleni.

Bayazixoxelela.

Ilanga libalele. Awekho amafu esibhakabhakeni.





UNzalo noBhuti bayajahana esigangeni.

UBhuti ugijima kakhulu kepha uNzalo uyambamba!

Akunamafu esibhakabhakeni.

Kusehlobo. Kunezimbali eziningi. Kukhona amabhungane, izimvemvane namabhungezi.

UBhuti noNzalo bajaha izimvemvane esigangeni.

Sekuqala ukuba namafu esibhakabhakeni.





UBhuti noNzalo bakha izimbali.

UNzalo ujabulela iphunga lezimbali.


Amafu aya ngokufiphala, kepha ilanga lisabalele.

UBhuti noNzalo babheka phezulu esibhakabhakeni.

Izulu liguqubele, kepha ilanga lisabalele!

Badidekile.

“Yini le eyenza isibhakabhaka sibe nalo mbala?” kubuza uBhuti.





Dukuduku izulu liqala ukuna!

UNzalo noBhuti bayacula emvuleni, libalele!
Bayasina emvuleni, libalele!

Bajabule badelile!

UNzalo noBhuti sebefika ekhaya.

Bamanzi! Umama uyabasiza ukuba bazomise.

“Uyasidinga isambulela nakuba ilanga libalele. Ngoba kungenzeka kube nomshado wezinkawu!” kusho umama, emoyizela.

